



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

AMAMAKI

UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2013 IBANGA LESI 3 ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA ISIVIVINYO

AMAMAKI: 40

ISIKHATHI: 1 IHORA

IPHROVINSI _____

IRIJINI _____

ISIFUNDA _____

IGAMA LESIKOLE _____

INAMBA YE-EMIS (9-amadijithi)

--	--	--	--	--	--	--	--	--

IKILASI (Isb. 3A) _____

ISIBONGO _____

IGAMA _____

UBULILI (✓)

UMFANA

INTOMBAZANE

USUKU LOKUZALWA

C	C	Y	Y	M	M	D	D
---	---	---	---	---	---	---	---

Isivivinyo sinamakhasi ayi-12, ngaphandle kwekhava.

I miyalelo kumFundi.

1. Funda ngokucophelela yonke imiyalelo kanye nemibuzo.
2. Phendula yonke imibuzo.
3. Uthisha uzokusiza ukuba wenze imisebenzi yokuzilungiselela ngaphambi kokuqala ukubhala isivivinyo.
4. Amamaki esivivinyo angama-40.
5. Ubude besivivinyo siyimizuzu engama-60.

I misebenzi yokuzilungiselela

1. Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.

Yini esiyithola enkomeni?

I zinkomo zisinika...

A isinkwa.

B ubisi.

C ujamu.

D itiyi.

Uphendule ngokufanelele uma ukokelezele u-B.

2. Kokelezela izenzo.

Umfana uyahamba kodwa intombazane iyagij ima.

Uphendule ngokufanelele uma ukokelezele igama elithi uyahamba nelithi iyagij ima.

3. Faka uphawu (✘) eduze kwebhokisi elinempendulo efanele.

Ilanga lisinika ...

amanzi	
ukudla	
ukukhanya	✘
umoya	

Uphendule ngokufanele uma ubeke uphawu (✘) ebhokisini eliseduze negama elithi: ukukhanya.

4. Sebenzisa lezi zinamba kusukela 1-4 ukhombise ukulandelana kwendlela yokugezwa kwamazinyo.

Manzisa isixubho.	1
Yakaza umlomo wakho ngamanzi.	4
Hlikihla uhlanze amazinyo akho ngesixubho.	3
Faka umuthi wokuxubha esixubheni.	2

Uphendule ngoFanele uma ulandelanise ngale ndlela engenhla.

Esivinyweni sakho uzophendula eminye imibuzo eFana nalena osuyiphendulile.

I sivinyo siqala ekhasini elilandelayo.

Funda indaba bese uphendula imibuzo 1- 6.

Kudala endulo kwazalwa ingane yomfana. Abazali bayo okwakunguMnu. noNkk. Sontonga babeziqhenya ngayo. Bametha umfana wabo ngokuthi ngu-Enoch. BabengamaMpinga bekhuluma isiXhosa.

Ngesikhathi u-Enoch ekhula, waba nguthisha. Wayewuthanda umculo futhi ethanda ukufundisa abafundi. Wayevame ukuma efasistileni lekilasi lakhe, abuke abafundi bedlala, becula futhi bedansa ngaphandle. Ukubuka kwakhe abafundi, kwamenza ukuba afise ukuthi ngelinye ilanga , bonke abafundi baseNingizimu Afrika bangakwazi ukudlala futhi bahlale ndawonye babe ngabangane.

U -Enoch wabhala amaculo amaningi kodwa ayewathanda kakhulu yilawo awabhalela ukuba aculwe abafundi. Onke amaculo akhe ayekhuluma ngothando noxolo.

Ngolunye usuku, u-Enoch wabhala iculo elibalulekile kakhulu. Amagama okuqala aleli culo ayethi: "Nkosi Sikelel' i-Afrika". U-Enoch wayevamile ukuthandaza acelele abantu baseNingizimu Afrika ukuba babusiswe.

Iculo likaEnoch elithi: Nkosi Sikelel'i-Afrika laba ngelivelele. Usaziwayo wembongi yomXhosa, uSamuel Mqhayi, wabhala amagama amaningi aleli culo futhi nanamuhla abantu abaningi baseNingizimu Afrika bayaziqhenya uma becula leli culo.

Leli culo elaliqale lingumthandazo we-Afrika labe selaziwa nj engeculo elithandwayo lesizwe.

1. Bhala isihloko sale ndaba.

.....

2. Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanale.
 Ngubani owayebhalela abafundi amaculo kule ndaba?

- A uSamuel
- B uMpinga
- C umXhosa
- D u-Enoch

3. Faka uphawu (✕) ebhokisini eliseduze nempendulo efanale.
 Wayehlala futhi esebenza kuphi u-Enoch?

eNingizimu America.	
e-Australia.	
eNingizimu Afrika.	
e-Asia.	

4. Sebenzisa izinamba 1 – 4 emabhokisini ukhombise ukulandelana kwezigameko.

U-Enoch waba nguthisha.	
Umthandazo ka-Enoch waphendula iculo lesizwe.	
Imbongi yomXhosa yabhala amagama amaningi eculo.	
Wabhala amaculo othando noxolo, ebhalela abafundi.	

5. "UNkosi Sikelel' iAfrika" yiculo lethu lesizwe. Yini eyabangela ukuthi u-Enoch abhale leli culo?

U-Enoch wabhala iculo elithi: "Nkosi Sikelel' iAfrika" ngoba.....

.....

.....

6. Ngokwakho ukubona yini eyenza u-Enoch avelele?

U-Enoch waba ngovelele ngoba.....

.....

.....

.....

7. Buka lesi sithombe esingezansi bese uphendula umbuzo 7.1 nombuzo 7.2.



7.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo efanele.

Lenzani ihhashi? I hhashi ...

- A ligij ima egqumeni.
- B limi esitebeleni.
- C lidla edlelweni.
- D liphuza amanzi.

7.2 Faka uphawu (✕) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.

Lesi isithombe esingehla esase ...

siqiwini.	
akhwariyamu.	
pulazini	
zu	

8. Phinda ubhale umusho ube senkathini ekhonjisiwe.

8.1 inkathi edlule

Umlimi upha unogwaj a ukudla, ngenkathi abantwana bebukela.

.....

.....

8.2 inkathi yamanje

Ingulube idlale odakeni, ngenkathi amahhashi egalopha esigangeni.

.....

.....

9. Funda:

9.1 Ibizo igama lento noma lomuntu. Kokelezela amabizo amabili kulo musho ongezansi.

Inj a itshikizisa umsila wayo.

9.2 Isabizwana igama elimela ibizo emshweni. Kokelezela amagama ayizabizwana emshweni ongezansi.


Bobabili umlimi nomkakhe bazithanda zonke izilwane ezisepulazini.

9.3 Isihlanganiso igama elihlanganisa imisho. Kokelezela igama eliyisihlanganiso kule misho engezansi.

a. Izingulube zidla ukudla kodwa ihashi liphuza amanzi

b. Inkomo inikeza ubisi futhi inikeza nenyama.

10. Buka lezi zithombe bese uqedela le misho.

10.1 Kufanele ngigobise i  uma ngigxuma.

10.2 Kunabafundi abayi  ebhendini.

10.3 Sricula iculo ngama angaboni.  amathathu

11. Phinda ubhale le misho elandelayo ufake izimpawu zokuloba ezimbili ezifanele kule misho elandelayo.

11.1 ziningi izilwane epulazini likamalume

.....
.....

11.2 zingaki izimvu, izinkomo namahhashi epulazini.

.....
.....

11.3 Umlimi uyamemeza uthi Bhekani nansi inyoka.

.....
.....

12. Faka izenzo ezifanele ezikhaleni ozinikiwe.

Sithi:

12.1 **Abalimi batshala** imifino engadini.

kodwa

Umlimi imifino engadini.

12.2 **Iqhude** liyakikiliga egcekeni.

kodwa

Amaqhude egcekeni.

13. Funda leli thebula elingezansi bese uphendula imibuzo 13.1 - 13.3.

Uhla lwemisebenzi yabasebenzi abasepulazini		
Igama	ngoMsombuluko noLwesithathu	ngoLwesibili noLwesine
uMpho	Upha izingulube ukudla.	uhlaza igoqo lezingulube.
uSibongile	Uhlaza isitebele.	Ubhulasha amahhashi.
uPhilani	Upha amahhashi nezinkukhu ukudla.	Uthatha amaqanda ezidlekeni zezinkukhu. Ubhulasha amahhashi.
uPhetheni	Ususa ukhula engadini.	Uchelela imifino engadini.
uSibusiso	Ukha imifino engadini.	Upha izingulube nezinkukhu ukudla.

13.1 UMpho upha izingulube ukudla ngoMsombukulo. Ubani omunye opha izingulube ukudla kodwa hhayi ngoMsombuluko?

.....


















13.2 UPhetheni noSibusiso basebenza engadini yemifino. Wenzani uPhetheni ngoLwesithathu?

.....

13.3 USibongile ubhulasha amahhashi ngoLwesibili nangoLwesine. Yingaziphi izinsuku ahlaza ngazo isitebele?

.....

14. Funda le grafu elandelayo bese uphendula imibuzo 14.1 -14.2.

Inani lezilwane	8				
	7				
	6				
	5				
	4				
	3				
	2				
	1				
	amahhashi	izingulube	izinkukhu	izimvu	

14.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo eFanele.

Qhathanisa inani lezilwane ezisepulazini.

Yiziphi izilwane eziningi kunazo zonke epulazini?

- A izinkukhu
- B amahhashi
- C izimvu
- D izingulube

14.2 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo eFanele.

Lingaphezulu kangakani inani lezinkukhu kunelezingulube epulazini?

A 8

B 5

C 4

D 3

15. Bhala izigaba ezimbili ezinemisho okungenani eyi-10 seyihlangene emayelana ngokuvakashela epulazini. Ubhekisise ukubhala izimpawu, uhlelo kanye nesipelingi ngendlela eFanele. Ungazisebenzisi izinamba emishweni yakho.

Ukuvakashela epulazini

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

I samba : 40